

**BONGINKOSI ZONDI**

**E**SISAKUBONILE kuze kube manje kungama-langabi amancane, kwazise okukhulu yilapho kuseza ubuhangu nguhangu bomlilo wequbula njengoba siqhubeka ukuba bucayi isimo kuleli nakwamanye amazwe emhlabeni jikelele, ngenxa yokubheduka kwegciwane lokhuvethe eliwuqothizizwe, iCovid-19.

Lokhu kushiwo nguSolwazi Salim Abdool Karim ongusihlalo wethimba longoti abehlukene abeluleka abasekhaleni lempi elwa nalolu bhuhane kuleli.

USolwazi Karim ugciwelele ukubaluleka kweqhaza lesinqumo sikahulumeni sokumisa konke njengomzamo wokunqanda ukubhebhe-theka kweCovid-19.

Okuhamba phambili ekuphawuleni kwakhe ngengozi yeCovid-19 uSolwazi Karim, wukuthi nxa kungase kunqanyulwe isigubhukane i-lockdown ezweni lonke - ngokuxuba abantu abasengcupheni nabangekho engcupheni, abazobe behamba ndawonye ngamabhasi, amatekisi nezitimela - lokho kungabeka izwe engcupheni yokuhlehlise-la emuva yonke imizamo esiyenziwe kuze kube manje kanye nokusizakala esikutholile ngayo.

**BABONA ISIMO SISAZOKUBA SIBI KAKHULU KULELI**

Uthi selokhu kuvalwe yonke into kuleli kusukela mhla ka-26 kuNdasa (March) 2020, izinga lezibalo zabathelelekayo lehlile ukubhebhethaka ngamandla njengoba bese kungabantu abaphakathi kuka-60-70 abasha ngosuku okubikwa ukuthi bayatheleleka kanti kwamanye amazwe kakunjalo.

Lokhu kungase kusho ukuthi iNingizimu Afrika iyaphumelela ukulithiba ijubane leli gciwane elisabalala ngalo. Embuzweni othi ngabe iNingizimu Afrika izophepha esimeni esisazoba sibi salolu bhuhane, uSolwazi Karim uthi qha - ngaphandle kokuba elakuleli linesimo esithile esilivikelayo esingekho kwezinye izindawo emhlabeni.

Umphakathi wonke usazokuba sengcupheni enkulu emuva kokuhoxiswa kwe-lockdown - ikakhulukazi phakathi kwezinsuku eziwu-4 kuya kweziwu-7 ngaphambi kokuba izimpawu zeCovid-19 zivele obala, okusho ukuthi abantu bangalifafaza bengazi igciwane leli.

Ngokujwayelekile, igciwane lifafazeka ngokushesha okukhulu. Ukungenelela kukahulumeni kusinciphisile isivinini sokuthetheleka, okuyinto enika iziphathimandla ithuba lokuvivela lesi simo.

**KUDINGEKE NGANI UKUBAMBEZELA ISIKHATHI SOKUHOXISA I-LOCKDOWN?**

- ukuze kuthitshwe isivinini sokufafazeka kwegciwane.
- iNingizimu Afrika inesibalo sonompilo abawu-28 000 abahambela umuzi nomuzi emiphakathini ehlupekayo ukuze kuhlowe abantu nokuthola asebethethelekile.
- seziyatholakala izindlela ezintsha nezisheshayo zokuhlola.
- ukuze kutholakale izindlela ezintsha zokwelapha.
- ukuze kube nethuba lokwenza amalungiselelo osizo lwezempilo.


**OSEKWENZEKILE KUZE KUBE MANJE**

**Isigaba sokuqala:** • Ukuzilungiselela  
 • ukufundisa umphakathi  
 • ukulungisa isibalo sama-laboratories  
 • ukuqapha

**Isigaba sesibili:** • Ukuzivikela komphakathi  
 • ukushiya isikhala phakathi komuntu nomuntu nokuhlamba izandla njalo  
 • ukuvala izikole nokunciphisa isibalo sabantu abavuyelwe ukuba ndawonye  
 • ukuvala imingcele yabavela ngaphandle nabangena kuleli

**Isigaba sesithathu:** ukuvala yonke into (lockdown)  
 • Kuqiniswa izinyathelo zokunqamula ukuhlangana kwabantu endaweni eyodwa


**Isigaba sesine:** • Ukuqapha nokutho-



UKUFIKA kobhubhane iCovid -19 kuphoqe ukuba umhlaba jikelele uqhamuke nezindlela ezintsha zokuphila nokuzivikela njengoba izibalo zabahaqekile zinyuka imihla namalanga. **IZITHOMBE NGABE: FLICKR.COM NABEYOUTUBE.COM**

# Nabu ubumqoka be-lockdown

Ungoti ucacisa ngokubaluleka kokuhlaliswa kwabantu emakhaya



USOLWAZI Abdool Karim ongusihlalo wethimba longoti abeluleka uhulumeni ngeCovid-19.



UHLELO olusheshayo lokuhlola iCovid -19 lungeminye yemizamo kahulumeni yokuba kusheshe kubonakale labo asebethethelekile.



UKUNQANYULWA kwe-lockdown ngokushesha kungabeka engcupheni nabebengathelelekile.

la asebethethelekile

**Okwenziwa emphakathini:**  
 • ukuhambela umuzi nomuzi ukuyohlola nokungena emgonqweni nokuthola abebekade behlangene nasebethethelekile.

**NGALOKHU OSEKUSHIWO KWETHENJWA UKUTHI:**

- NgoMgqibelo mhla ka-18 kuMbas (April) kuyobe sekwazeka ukuthi izindlela zokuhlaziya isimo zishaya emhlabeni noma qha;
- nxa imibandela yokuba kube ne-lockdown, njengokuthi uma abathelekayo ngosuku kusukela kuqalwe ukuhlola mhla ka-10-16 kuMbas, beville ku-90, lokho kuyosho ukuthi mayiqhubeka i-lockdown, noku-uthi nxa bewu-44 nangaphansi kwalokho, iyohoxiswa i-lockdown
- makulindelwe igebe elikhulu ezinguqweni ezenzeka nsukuzonke zalabo asebethethelekile ngenxa yokuba sekuqale ukuhlola
- ukuqeda isigubhukane i-lockdown kuyobhebezela ukusabalala kwegciwane - ngakho ukuhoxiswa kwe-lockdown makwenzeka ngohlelo olubhekela izimo zomnotho eziphoqayo kube kucatshangwa na-

ngokuphazamiseka komphakathi

**Isigaba sesihlanu:** • Izindawo elidlange kuzo igciwane  
 • ukuqapha isimo ukuze kuhlonzwe izindawo elidlange kuzo igciwane futhi kungenelelwe kuzo  
 • ukuqaphela izindawo lapho kuqhubeka khona ukufafazeka kwegciwane  
 • ukulandelela lapho kuqubuka khona igciwane nokujuba amathimba okwenza lokho

**Isigaba sesithupha:**  
 • usizo lokwelapha  
 • ukubheka izibalo zabahaqekile nosizo oluhlizekwayo  
 • ukulawula izimo zokuthinteka kwe-zisebenzi nokuthetheleka kwazo  
 • ukwakha izibhedlela zesikha-shana nokuhlaziya izimo ngo-kuphuthuma kwazo  
 • ukwandisa izibalo zemibhe-de yokulalisa abasezimweni ezi-bucayi kakhulu kanye nemi-shini elekelela ukuphefumula

**Isigaba sesikhombisa:** • ukushonelwa nemiphumela yalokho  
 • ukukhulisa amalungiselelo okungcwaba

- imithetho yokusingathwa kwemingcwabo
- ukulawula izimo zomqondo nomphumelela emphakathini

**Isigaba sesishiyagalombili:**

- Ukuqapha isimo
- ukuqapha ukusabalala kwegciwane
- ukugonywa kwabantu, uma imishanguzo yokugoma isikhona
- ukubheka izimo ezintsha zokuthetheleka
- ukucima izimo ezivumbukayo ukuze kunciphe ingozi yokugwinywa yilolu bhuhane

**UKUPHAWULA**

Njengoba ekubekile ngamafuphi uDkt Zweli Mkhize ongunqongqoshe wezempi- lo kuzwelonke, udaba lweCovid-19 kalusiwona umsebenzi wodokotela nabahlengikazi kuphela kepha lungolwethu sonke kuleli zwe kunjalo nje izinyathelo zikahulumeni ukunweba nokuhoxisa isikhathi se-lockdown zisukela olwazini lochwepheshe emkhakheni wezamazigciwane nezifo azidalayo kubantu.

UDkt Mkhize uncome ukuba wonke umuntu azigqoke izimfonyo (mask) ukuvikela ukuqhasha kwamathe nxa ekhuluma noma ethimula kumbe ekhwehlela. Lokhu uthi kuvikela ukuba osenegciwane angalisabalalisi nokuthi ongenalo angalitholi kalula.

**\* Ulwazi: uMnyango Wezempi- lokuZwelonke**

